

YIBA NEZWI

Uhlaka Lwezimali Olubuyekeziwe kanye Neziphakamiso Zemali Esingenayo sowezi-2026 (Isitatimende Senqubomgomo Yesabelomali Sesikhathi Esimaphakathi) [MTBPS]

Isimemo Sokuletha Izethulo Nemibono Yomphakathi

IKomidi Elimile Lezezimali kanye neKomidi Elikhethiwe Lezezimali limema ababambiqhaza kanye nezinhlaka ezinentshisekelo ukuba balethe izethulo ezibhaliwe mayelana noHlaka Lwezimali Olubuyekeziwe kanye Neziphakamiso Zemali Engenayo yowezi-2026, ezizokwethulwa mhla zingama-21 kuMfumu wezi-2026 kanye ne-MTBPS.

UNgqongqoshe Wezezimali (uNgqongqoshe) uzokwethula iSitatimende Senqubomgomo Yesabelomali Yesikhathi Esimaphakathi (MTBPS) wezi-2026 phambi kwePhalamende mhla zingama-21 kuMfumu wezi-2026, ngokuhambisana nesigaba 28 soMthetho Wokuphathwa Kwezimali Zomphakathi, uMthetho 1 we-1999 (PFMA). Lokhu kudinga ukuba uNgqongqoshe ethule, minyaka yonke, izibikezelo zesabelomali zeminyaka eminingi mayelana nemali engenayo, izindleko kanye nezibikezelo ezibalulekile zezomnotho omkhulu. UNgqongqoshe uzophinde afeze isibopho sakhe ngaphansi kwesigaba 6(1) soMthetho Wenqubo Yokuchitshiyelwa KweMithethosivivinywa Yezimali kanye Nezindaba Ezihlobene Nayo, uMthetho 9 wezi-2009, odinga ukuba uNgqongqoshe ethule i-MTBPS ePhalamende.

Ukulalelwa komphakathi kuzobanjwa ngobuchwepheshe ngoLwesithathu, mhla zingama-28 kuMfumu wezi-2026.

Izethulo ezibhaliwe, kanye nenkomba yokuthi uyafisa yini ukwenza isethulo ngomlomo, kufanele zamukelwe kungakadluli ihora le-12:00 ngoMsombuluko, mhla zingama-26 kuMfumu wezi-2026.

Izethulo kufanele ziqondiswe koNobhala bamaKomidi, uMnu. Allen Wicomb (iKomidi Elimile Lezezimali), uNkz. Lwazikazi Ntinzi (iKomidi Elimile Lezezimali) kanye noMnu. Nkululeko Mangweni (iKomidi Elikhethiwe Lezezimali), eSitezi sesi-3, ku-90 Plein Street, eKapa, 8000 noma ku-awicomb@parliament.gov.za / Intinzi@parliament.gov.za kanye no-nmangweni@parliament.gov.za. Umakhalekhukhwini: 071 363 2349 / 061 438 9448 noma ifeksi: (021) 403-3942.

Amakhophi e-MTBPS yowezi-2026 azotholakala mhla zingama-21 kuMfumu wezi-2026 kuwebhusayithi yoMgcinimafa Kazwelonke ethi [National Treasury](#).

Ikhishwe nguMhlonishwa MJ Maswanganyi, iLungu lePhalamende, uSihlalo: weKomidi Elimile Lezezimali (IsiShayamthetho SikaZwelonke),

kanye noMhlonishwa S Ndhlovu, iLungu lePhalamende, uSihlalo:
weKomidi Elikhethiwe Lezezimali (IKomidi Lomkhandlu Kazwelonke
Wezifundazwe).